ISIMEMO SEZIPHAKAMISO

ISAZISO ESIBALULEKILE KUBO BONKE ABENZELA I-WATER AND SANITATION UMSEBENZI WOKUBANIKA IZIMPAHLA

Lesi yisaziso ngaphansi komthetho iMunicipal Supply Chain Regulation njengoba ichazwe esigabeni 168 se-Local Government: Municipal Finance Management Act 2003 (Act No. 56 of 2003), sokuthi wonke ama-Local Authorities ayacelwa ukuthi konke ukuthenga okungaphezulu kuka R30 000 sekufakwe i-VAT bakukhangise zekhalenda okungenani isikhathi izinsuku eziyi-7 kwi-"Request For Quotation" kwi- website noma kwibhodi lezaziso likaMasipala. Ngenxa yalo mthetho, iWater and Sanitation kanye ne Cleansing and Solid Waste, kusukela ngomhla ka 18 September 2006 kuzomele balandele le nqubo kukho konke ukuthengwa kwempahla nokungeyona impahla. Lokhu kusho ukuthi kusekela ngomhla ka 18 September 2006 abathengi angeke besakwazi ukuxhumana nezinkampani ezihlukene mayelana nama-khotheshini. Izinkampani zilindeleke ukungena kwi-website yomkhandlu www.durban.gov.za, baciphaze "Goods and Services Quotations" ozabayisa kwi "Reqest for Quotation System (RFQ)" lapho zonke izicelo zamakhotheshini eziqhamuka kwa-Water and Sanitation/ Cleansing and Solid waste zingabhekwa khona. Uma izinkampani zifisa ukwenza amakhotheshini kumele ziprinte ifomu iRFQ kwi internet, baligcwalise ngendlela, balifekisele emuva kwinombolo ezobe ibhaliwe. Ezinkampani ezingenayo i-internet, i-fomu iRFQ lizobe lichonyiwe ebhodini lezaziso e-Water and Sanitation etholakala ku- 3 Prior Road, eThekwini. Abafisa ukwenza amakhotheshini okuthile kumele bathintane nabasebenzi bakwa-Contract and Materials esitezi sesibili kwa-Water and Sanitation, ukuprinta amaphepha afanelekile. Qaphelani ukuthi amakhotheshini afekisiwe akwifomu iRFQ eprintwe kwi website kuphela ayomukelwa. Amanye angeke amukelwe.

T H M MacCllum
Manager: Contracts and Materials

ISIMEMO SEZIPHAKAMISO

ETHEKWINI TRANSPORT AUTHORITY UCWANINGO MAYELANA NEZINDLELA EZIHANJWA ABANTU KUYO YONKE INDAWO ENGAPHANSI KWAMASIPALA

Kumenywa amathenda avela ezinkontilekeni ezifanele ukwenza ucwaningo ngezindlela ezihanjwa abantu kuyo yonke indawo engaphansi kukaMasipala ngenhloso yokuthola imininingwane efanele emayelana nezokuhamba kanti lolu cwaningo luzobe lwenzelwa i-eThekwini Transport Authority Strategic Transport Planning Department.

Lo msebenzi ubandakanya lo khu okulandelayo:
1 Ukubuyekezwa kwemibuzo
3 Ukubuyekezwa kwamasampula
6 Ukuqeqeshwa kwabasebenzi
7 Inhlolovo yemiklamo
8 Ifomi yokuqiniseka imiklamo
9 Ukwenziwa kwe-database
10 Ukugcinwa kolwazi lwemiklamo
11 Ukuqiniseka kolwazi olugciniwe
12 Ukulungiswa kwemiphumela yolwazi nemibiko

Umbhalo wamathenda ungatholakala ku-Mnu. J. Meintsma, Room 124, ETA, Old Fort Place Building, 30 Old Fort Place, eThekwini, kusukela ngomhla ka 15 Septemba, 2006. Umhlangano wokuchaza ngalo msebenzi okuphoqelekile ukuba wethanyelwe abafisa ukuletha iziphakamiso uzoba mhla ka 2006-09-28 eRoom 125, eThekwini Transport Authority, 30 Old Fort Place, eThekwini, kusukela ngo 10:30 kuya ku 12:00. Kuyogcwaliswa uhlu lwabafikile, iziphakamiso zezinkampani ezingezanga kulo mhlangano angeke zamukelwe. Imibuzo ingabhekiswa ku-Mnu. Jelle Meintsma we-ETA ku-(031) 311 7241 noma ku-Mnu. Andrew Aucamp kule nombolo 311 7543. Iziphakamiso ezifakwe ezimvilophini zavalwa zabhekiswa kwi-eThekwini Transport Authority zibhalwe ngaphandle ukuthi: "Proposals for the 2007 eThekwini Travel Survey" kumele zifakwe ebhokisini lamathenda elise foyer, Ground Floor, Rennie House, 41 Victoria Embankment, eThekwini noma zithunyelwe kuleli kheli: PO Box 1014, Durban, 4000 engakadluli u11:00 mhla ka, 2006-10-20. I-eThekwini Transport Authority ayikuba nacala ngamathenda afike emva kwesikhathi ngenxa yokubambezeleka eposini nezinye izindlela zokuthumela. I-eThekwini Transport Authority ayiphoqelekile ukwamukela ithenda eliphansi kunawo wonke nanoma yiliphi nje ithenda.

Inhloko:
eThekwini Transport Authority

ISIMEMO SEZIPHAKAMISO

ETHEKWINI TRANSPORT AUTHORITY IPULANI YESITESHI I-REUNION PT NEYABAHAMBA NGEZINYAWO

Kumenywa ama-consultants anesipiliyoni esifanele kwezokuthutha ukuba alethe iziphakamiso zepulani yezithuthi zomphakathi nabahamba ngezinyawo emaqondana nesiteshi i-Reunion. Lo msebenzi uzobandakanya lo khu:
* Izilinganiso zezidingo
* Ukwenziwa kwezinye izindlela
* Umdwebo wokuqala wezindlela eziphakanyiswayo
* Uhlelo lokulandela le pulani olunezindleko

Iziphakamiso kumele zibe sezifikile ngomhla ka 20 Okthoba 2006 ngo 11:00 ekhelini eliyoshiwo emibandeleni yokulethwa kweziphakamiso. Umhlangano wokuchaza ngalo msebenzi okuphoqelekile ukuba wethanyelwe uzoba mhla ka 2006-09-28 eRoom 125, eThekwini Transport Authority, 30 Old Fort Place, eThekwini, kusukela ngo 09:00 kuya ku 10:00. Incazelo ephelele ngalo msebenzi nemininingwane yalokho okudingekayo nendlela okuzohlungwa ngayo kutholakala ku-Mnu. A. Aucamp kunombolo 311 7543 noma kuleli kheli *AucampA@durban.gov.za*

INVITATION: PREQUALIFICATION TO TENDER

STRATEGIC PROJECTS UNIT - KING SENZANGAKHONA STADIUM: PRINCIPAL CONTRACT: INVITATION: PREQUALIFICATION TO TENDER

Contract Number: SP 2010/004
Description: Principal Contract
Estimated tender value: R1,4 Billion (excluding VAT)
Closing date: Monday, 2006-10-02, at 11:00.
Only those applicants who are registered with the (CIDB), or are capable of being so within 21 days from the closing date for submissions for pre-qualification to tender, in a contractor grading designation 9GB will be eligible to pre-qualify.
Enquiries: Tel: 208 2262; Fax: 209 2168 (Mr Shane Reddy (Ibhola Lethu Consortium - Project Managers).
Collection of pre-qualification to tender documents:
The pre-qualification to tender documents (available in English) are obtainable from the Cashier's Office, Ground Floor, City Engineers Building, 166 Old Fort Road, Durban, from Monday, 2006-09-11. Please be advised that a non-refundable fee of R1000 is payable on collection of the pre-qualification to tender documents. Submission of pre-qualification to tender documents:
The Pre-qualification to Tender Returnable Schedules must be fully completed and deposited in the tender box located in the foyer, Ground Floor, Rennie House, 41 Victoria Embankment, Durban (any time prior to but not later than 11:00 on 2006-10-02, in a sealed envelope marked, "Pre-Qualification to tender: Principal Contract: Construction of the Kind Senzangakhona Stadium (Tender No. SP 2010/004).

ISAZISO NO 2500

UMASIPALA WETHEKU

Lesi yisaziso ngaphansi komthetho iMunicipal Finance Management Act 56 of 2003 ifundwa nemithetho ehambisana nayo sokuthi kuyinhloso kaMasipala ukudayisa ngethenda evulekele uwonkewonke, lapho kunelungelo lobunikazi iziza ezimbili zokuhlala ezinganabantu, ezichazwe njengo-Portion 279 no 280 [of 223] both of Erf 96 Bluff, phakathi kuka Wellfreer Avenue no Garmouth Road, Bluff, ngentengo engu R160 000 isiza ngasinye. Imibhalo yemibandela yethenda iyotholakala ehhovisi lika Head: Real Estate, 75 Winder Street, 17th Floor, Room 1702 phakathi kuka 08:30 no 16:30, kusukela ngoLwesihlanu mhla ka 15 Septhemba 2006 kuze kube uLwesihlanu mhla ka 29 Septhemba 2006. Amathenda agcwaliswe ngokugcwele kumele afakwe efoya nediphozithi ka- 20% eyobuya, ebhokisini elimakwe ukuthi 'TENDERS' ehhovisi lika Head: City Hall Administration, 41 Victoria Embarkment, eThekwini ngaphambi kuka 11H00 ngosuku lokuvala, lapho amathenda ayovulwa phambi kwawonke wonke.

Qaphela lokhu okulandelayo:
* Idiphozithi ka-20% iyobuya uma uhoxisa noma ithenda ingaphumelelanga ingenayo inzalo
* Amathenda ayohlungwa ngokohlelo lwalo masipala lokunika amathuba labo ababencishiwe esikhathini esidlule.
* Ulwazi olungamanga noma olungelona iqiniso olufakwa kumafomu amathenda luyodala ukuba lelo thenda likhishelwe eceleni;

Eminye imininingwane itholakala ku Syabonga\ Nombuso kule nombolo yocingo 311 4324 (ngezikhathi ezejwayelekile zokusebenza).

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall
West Street
eThekwini

ISAZISO NO 2501

UKUDAYISWA KWEZIZA ZEZINKULISA ENDAWENI YASE PHOENIX EXHASWE UHULUMENI NGESIVUMELWAO SANGASESE:
(REF.: 19/82/16, 19/82/32, 19/82/36, 19/82/50, 19/82/51, 19/82/59, 49/242/105 AND 49/242/112) M.C.

Lesi yisaziso ngokomthetho iMunicipal Finance Management Act ifundwa nemithetho ehambisana nayo ukuthi kuyinhloso kaMasipala ukudayisa umhlaba, lapho kunelungelo lobunikazi kulezi zinhlangano ezibhalwe kule sheduli engezansi:

Igama Lenhlangano	Ikheli	Incazelo Yendawo	Ububanzi/ m^2	Intengo Yokuthenga (Ingafakiwe iVAT)
Phoenix Compassion centre	26 Whetstone Drive, Whetstone	Erf 238 Whetstone	2 391 m^2	R 2 151
Covenant Christian Church	76 BerghavenRd, Forest Haven	Erf 108 Forest Haven	2 439 m^2	R 4 878
Hosanna Ministries	1 Whetfern Rd, Whetstone	Erf 980 Whetstone	2 241 m^2	R2 016
Pentecostal Protestant Church	18 Avalen Crescent Rd, Northcroft	Erf 737 Northcroft	2 091 m^2	R1 881
Good News Assembly	83 Challen Avenue, Northcroft	Erf 284 Northcroft	2 202 m^2	R1 982
God Centre Ministries	84 Cranbrook Rd, Clayfield	Erf 537 Clayfield	2 001 m^2	R1 800
Phoenix Christian Assembly	102 Strensham Rd, Westham	Erf 893 Westam	2 825 m^2	R 2 542
Christian Reformed Church	4/6 Reedside Rd & 3/5 Westside Rd Caneside	Erf 1640 Caneside	2 127 m^2	R4 254

Imithetho nemibandela yalokhu kudayisa nepulani yale ziza ezizodayiswa ingabonwa ehhovisi lika Head: Real Estate, 17th Floor, 75 Winder Street, eThekwini, Room 1702, (imibuzo: Nkk. M. Chetty) phakathi kuka 07:45 no 16:30, ngemiSombuluko kuya uLwesihlanu, isikhathi esiyizinsuku ezingu 14 kusukela mhla ka 2006-09-15.

Imibono noma ukuphikisana nalokhu kudayiswa okuhlongozwayo kuyothathwa njengokwanelisa izidingo ezifanele zokuba kubhekwe uma:
1 Amagama aphelele, izinombolo zikamazisi nekheli lendawo kanye nemininingwane yokuxhumana nombhali kubhaliwe encwadini equkethe izikhalazo noma imibono;
2 Umbhali echaza ngokuphelele ukuthi uthinteka kanjani ngalokhu okuhlongozwayo lapha;
3 Kunemininingwane ephelele yezizathu zemibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo; futhi
4 Kuthi kushaya ihora lika 17:00 mhla ka 2006-09-29 incwadi equkethe izikhalazo noma imibono ibe isifikile kulo osayinde lesi saziso.
Uma kwenzeka umbhali wencwadi engazanelisi lezi zidingo ezikulo luhla olungenhla, uMasipala waseThekwini uyoyishaya indiva imibono noma ukuphikisana kwakhe nalokhu okuhlongozwayo lapha.

Dkt M.O. Sutcliffe
IMenenja yeDolobha
City Hall
West Street
eThekwini